

CHRIST THE KING HOSPITAL
HOSPITAL BROCHURE

ONGAXHUMANA NABO

OPHETHE ISIBHEDLELA: Nkk S.W MASEKO EXT. 7505
OPHETHE ABAHLENGIKAZI: Nksz. MLN MTHEMBU, EXT. 7503
OPHETHE ODOKOTELA: Dkt L OBGEIWI, EXT. 7506
OPHETHE IZIMALI NESIMO: Nksz N SIMELANE, EXT. 7504
HUMAN RESOURCE
MANAGER: Mnz B O TSHIBASE, EXT. 7507
UMXHUMANISI
WESIBHEDLELA NOMPHAKATHI: Mnz SNM CHIYA, EXT. 7603

IKHELI: **CHRIST THE KING HOSPITAL**
P/BAG X 542
IXOPO
3276

TEL. 039-834 7500 **FAX. 039-8342828**

OKUSEQOPHELWENI

ULWAZI OLUBALULEKILE MAYELANA NOKUHLALA KWAKHO NATHI LAPHA-ESIBHEDLELA

Siyakwemukela esibhedlela i- Christ The King. Sithanda ukukwazisa ukuthi sizibophezele ekunikezeleni ukunakekela ukuseqophelweni eliphezulu. Sethemba futhi ukuthi ukuhlala kwakho nathi kuzoba ngokwenelisayo. Lencwajana yenzelwe ukuba ikwazise ngokufanele ukulindele ngesikhathi uzolashwa kulesibhedlela.

KONJE NGABE NGILALISWELENT?

UDokotela kumele akucacisele isizathu sokulaliswa kwakho kanye nezinsuku ukulindeleke ukuba uzichithe esibhedlela. Khululeka, ubuze yonke imibuzo eqondene nokugula kanye nokwelashwa kwakho.

NGILINDELEKE UKUTHI NGIKHOKHE MALINI?

- Imali ikalwa ngokweholo lomuntu.
- Amanani ahlukaniwe ngokwalezi gaba ezilandelayo:

H1- Abahola lemiholo engezansi
R1 – R70,000,00 Ongashadile = [R 40.00 CASH]
R1- R100, 000, 00 Abashadile =

H2- Abahola lemiholo engezansi
R 70001.00-R250 000 Ongashadile = [R65.00 CASH]
R100001.00-R350 000 Abashadile =

H3- Abahola lemiholo engezansi
Above R250 000 Ongashadile
Above R350 000 Abashadile

IZINTO OKUMELE UZIPHATHE UMA ULALISWA

- Umazisi
- Izinto zokugeza njenge thawula, insipho, umuthi wokuxubha.
- Igama, ikheli, kanye nenamba yocingo yomuntu osondelene nawe.
- Ikhadi lakho lase mtholampilo kanye namaphilisi nemithi obukade ukuphuza.
- Isiqinisekiso somholo umangabe uhola impesheni yanoma iluphi uhlobo phatha isiqinisekiso sempesheni.

IZIKHATHI ZOKUVAKASHA

- 10:00 to 11:00
- 14:30 to 15:30
- 17:30 to 18:30

UKUGCINWA KWEMPAHLA EBALULEKILE

- Izimpahla ezibalulekile azigcinwa amagunjini okulala.
- Izibhamu zishiywa konogada esangweni.
- Imali kumele inikwe abahlengikazi abazoyigcina lapho ibekwa khona.

INQUBO YOKULALISWA KWESIGULI

- Qala ngokuyobhalisa imininigwane yakho ehhovisi lokubhalisa abalaliswayo, ukhokhe imali yokulaliswa. Uma ingekho imali ngalesosikhathi zama ngokusemandleni ukuba ukhokhe ungakaphumi esibhedlela. Uma ubambeke kakhulu uyophuthunyiswa ewodini bese imininigwane yakho ibhaliswe ngesinye isikhathi.
- Ewodini abahlengikazi bayodinga eminye imininigwane yakho. Uma kunesidingo sokuhlazwa udokotela uyokuchazele konke okuqondene nako, uma weneliseka uyolindeleka ukuba usayine imvume yokuhlazwa.
- Uma uzoyohlazwa siza ufike ekuseni ngayizolo ukuqinisekisa ukuthi ulungisele ngokuphelele.
- Uma usukhishwa esibhedlela uyonikwa ikhadi eliluhlazana oyohamba nalo uye ekhaya. Uma uphinda ubuyela esibhedlela uyacelwa ukuba ungalishiyi lelakhadi ekhaya ngoba yilo elisetshenziswa ngodokotela ukuthola ifayela yakho enemininigwane yokugula kwakho.

YINI ENYE OKUMELE UYAZI NJENGESIGULI

- Ugwayi, utshwala kanye nezidakamizwa akuvunyelwe esibhedlela.
- ukhululekile ukusebenzisa ulimi lwakho, ungalolikelwa uma kunesidingo.
- Isikompilo kanye nenkolo yakho siyakhlonipha.
- Khumbula ukuthi unamalungelo. Kumele abahlengikazi bakuchazele ngawo.
- Uma unezikhalo, bikela umphathi wewodi lelo olaliswe kulu, yena uzoqikelela ukuthi udaba lwakho lucutshunguliwe ngendlela efanele.
- Uyacelwa ukuba uhloniphe impahla kahulumeni ngaso sonke isikhathi.

NANKA AMALUNGELO AKHO NJENGESIGULI

- Yilungelo lakho lokuthi uhlonipheke, noma yisiphi isiguli sinelungelo lempilo engcono nokuphila endaweni evikelekile.
- Nokuba nelungelo ekuthathweni kwezinqumo. Ukwazi ukuthola noma yiluphi uhlobo oludingayo lwempilo.
- Ukuziqokela usizo lwezempilo oludingayo.
- Ilungelo ngempilo yangasese. Ukwazisa labo abasondelene nawe.
- Ukunqaba usizo lokwelashwa.
- Unakekelo oluqhubekayo.

NALU USIZO OLUTHOLAKALAYO

- Abaphuthumayo
- Abazobona udokotela
- Abagulayo nabalimele
- Abakhulelwe
- Abanezifo eziphathelene nesinye noma isibeletho
- Abantwana
- Ithiyetha
- Abagula ngamathambo nabanezinkinga zamehlo
- Ukuhlololwa igciwane lesandulela ngculaza
- Uhlelo lokuvikela abantwana ezifweni ezitholakala komama
- Usonhlalakahle

u-MBONO

Sinakekela izimpilo ngokunikezela usizo lezempilo oluseqophelweni eliphezu – “SIYAKEKELA”.

i-MPOKOPHELO

Sinikezela siphinde sisimamisa umqokuthu wosizo lwezempilo olugcwele ezingeni lesi funda, ngokulandela uhlelo lezemitholampilo.

AMAGUGUNQANGI

- Ukuzibophezela – sizimisele ukwenza nangaphezulu
- Ukuvuleleka nokungafihli – Sinikela ngolwazi olufanele
- Isifuba – Imininingwane yakho iphephile kithina
- Sikhula njalo-njalo – Izinga kusebenza lithuthukiswa njalo.
- Ukubambisana – Sinakekela ngokubambisana
- Ukunakekela – sikuphatha ngenhlonipho

NAKHU OKULINDELEKE KUWENA NJENGESIGULI

- Nakekela impilo yakho.
- Nakekela uphinde uvikele indawo yakho
- Hlonipha amalungelo ezinye iziguli nabasebenzi bezempilo.
- Sebenzisa usizo lwezempilo ngendlela efanelekile.
- Yazizimitholampilo eseduze nawe nosizo lwezempilo abalunikezayo.
- Nikeza abezempilo ulwazi olufanele mayelana nempilo yakho ukuze bakwazi ukuthola isigulo sakho usizakale, ulapheke futhi bakululeke
- Yazisa abezempilo ngezifiso zakho maqondana nempilo yakho.
- Hambisana nazozonke izinto ozinikiwe ukusiza impilo yakho.
- Buza ukuthi usizo oludingayo luzo biza malini khona uzokwazi ukwenza amalungiselelo okukhokha.
- Gcina kahle amaphepha namakhadi ezempilo angakuwe.



CHRIST THE KING HOSPITAL IXOPO



**PRIVATE BAG X542
IXOPO
3276**

PHONE: 039 834 7500 FAX: 039 834 2828

E-mail: secretary.ctk@kznhealth.gov.za

Web address: www.kznhealth.gov.za/christthekinghospital.htm.

INCWAJANA YOLWAZI